



agriculture
& rural development

Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA
KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA, UMNU. THEMBA MTHEMBU
AKAYETHULA EMCIMBINI WOKULETHA IZIDINGO KUMPHAKATHI
OWAKHELE UMKHANDLU WASE ALFRED DUMA**

INDAWO: KWAMTHANDI COMMUNITY HALL

DATE: FRIDAY, 21 OCTOBER 2016

Mphathi woHlelo

AmaKhosi akhona phakathi kwethu namuhla

USobaba woMkhandlu wesiFunda soThukela, uKhansela AS Mazibuko

USobaba woMkhandu waseKhaya wase Alfred Duma, uKhansela NV Madlala

AmaKhansela wonke akhona

USihlalo weKomidi elibhekele ezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi
yaseMakhaya, Nksz Nomagugu Simelane-Zulu

Amalungu ekomidi elibhekele ezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi
yaseMakhaya

INhloko yomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya
KwaZulu Natali, uDkt. SF Mkhize

UMphathi wesiFunda sezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya,
uNksz. T Gayi

Malunga omphakathi

Balimi

Bafowethu nodadewethu

Angiqale ngokufisela inhlanhla abafundi bakaMatikuletsheni kanye nabo bonke
abafundi abakulo mphakathi njengoba kuqaliswa ukubhalwa kwezivivinyo

zokuphela konyaka. Angiphinde ngidlulise futhi kubo izilokotho ezinhle ezivela kuHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu Natali.

NjengoHulumeni, sithanda ukukhumbuza imiphakathi yakithi ukuthi kwakunomkhuba omuhle owasukela kokhokho bethu owawuthi, "Ingane yakho iyingane yami." Ngalawa mazwi nginxusa ukuthi sonke sesekele abafundi bakithi ngalesi sikhathi sokubhalwa kwezivivinyo.

Lo nyaka awuzange ube ngunyaka olula kulo mphakathi ngenxa yenkinga obhekene nayo yodlame. Njengoba sihlabela phambili, ngithanda ukunikhumbuza futhi ngomunye umkhuba wethu omuhle njengesizwe seNgabadi esesiqala ukuwukhohlwa. Lowo mkhuba owokuthi singabantu abanobuntu futhi abanenhlonipho. Masikukhumbule njalo ukuthi umuntu ungumuntu ngabantu.

Bakwethu, njengoMphathiswa wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya (DARD), ngikuqonda ngokuphelele ukuthi ngaphandle kwenkinga yodlame, nibhekene nenye ingwandla enkulu ekungeyokuzondla nina nemindeni yenu mihla yonke. Izolo lokhu bengifunda amaphephandaba ngathola ukuthi inani lentengo yamazambane lilindeleke ukuba lenyuke ngokwengeziwe ngenyanga kaNovemba liphinde futhi lenyuke ngoDisemba. Kumanje sesikhokha imali engaphezu kuka R15 uma sithenga utamatisi. Amanani entengo okunye ukudla esikudinga nsukuzonke okufana nempuphu, ushukela kanye noflawa asenyuke ngokuphindwe kabili. Imizi eminingi ichitha imali engaphezu kukahhafu wemiholo yayo uma ithenga ukudla. Lokhu kusho ukuthi ayibe isakwazi ukubhekana nezinye izindleko njengoba isala nobala emuva kokuthenga ukudla. Sikhuluma nje imiholo ayenyuswa kepha inani lentengo yokudla liyenyuka. Umbuzo uthi uma isimo sinje, sithi imindeni imelana kanjani naso?

NjengoHulumeni onakekelayo, sithi lesi akusona isimo ekumele ukuba sisizibe, sishaye engathi asisiboni ikakhulukazi njengoba sesazi ukuthi lesi simo siphoka imindeni ukuba inciphise ekuthengeni ukudla okunempilo nokunomsoco. Izazi zezempilo zisitshela ukuthi imiphumela yalesi simo iholela ekutheni abantu babe ngabangondlekile. Lokhu kuphinde kuholele ekutheni ingane eyodwa kwezinhlanu ibe nenkinga yokubamba okufundwayo ngenxa yokuthi isuke ibulawa yindlala. Umbuzo uthi singalindela kanjani ukuthi izingane zethu ziphumelele kahle ezivivinyweni uma zingenakho ukudla okunomsoco okondla imizimba nemiqondo yazo na?

Ukuze sakhe isiFundazwe siphinde sisenze sibe ngesinomphakathi kanye nomnotho onamandla, sidinga ukuba izakhamuzi zibe ngeziphilile nezingumqemane. NjengomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, nathi sibuyela emasisweni nasebuhlakanini obabusetshenziswa obabamkhulu ukuxazulula le nkinga yokwesweleka kokudla.

Isixazululo engikhuluma ngaso simayelana nokubuyela emuva siyosebenza umhlabathi nokwenza ezolimo zibe yisikompilo lethu. UmNyango uzobe ubambisene nani ngaso sonke isikhathi. Sizonihlinzeka ngezinsiza ezifana nogandaganda, izimbewu momanyolo ukuze niqale nilime. Thina sizobe sihambisana nani ukuze sifezekise inhloso yethu yokuphendula ezolima zibe yisikompilo lethu.

Isomiso sishaye kwezwele, sizibonile izinkomo zethu zifa, sabona namanani entengo yokudla enyuka. Yize kunjalo, kumele sazi ukuthi akuyiso isomiso kuphela esidale ukuthi sizithole sidonsa kanzima ngenxa yentengo yokudla okwenyuka njalo. Bakwethu, kumele nazi ukuthi kunongxiwankulu abangogombela kwesabo abadlala ibhizinisi lokulawula ukuthi amanani okudla kumele anyuke nini futhi kangakanani. Inhloso yabo ukuzakhela umnotho ukuze baqhubeke nokubhukuda emafutheni engcebo. Uma bedlala lo mdlalo wabo abanandaba ukuthi abampofu baba mpofu kakhulu kunakuqala. Eminyakeni embalwa edlule, iKhomishana yaseMzansi Afrika ebhekele ukunqanda lomkhuba wogombela kwesabo ebizwa nge South African Competition Commission yathola ukuthi kunezinkampani ezimbalwa okuyizo ezishoyo ukuthi isinkwa kumele sibize malini nokuthi sinyuka nini. Namuhla ngixwayisa abasabalalisi bokudla, abadayisi bokudla kanye nosomabhizinisi ukuthi mabazi ukuth le mikhuba yabo abayenzayo yokwenyusa intengo yokudla ithwalisa kanzima abampofu.

Bafowethu nodadewethu, esimele ukukwenza ukuthatha amandla siwabuyisele ezandleni zethu ngokuthi kube yithi esilawula ukukhiqizwa kokudla kwethu. Kumele siyekele ukuvuma ukuba yizisulu zezimakethe ezenyusa intengo yokudla umathanda. Sidinga ukwenza ezolimo zibe yisikompilo lethu.

Njengokuzibophezela kwethu kulo mkhankaso, umNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya usuqalise uhlelo lokubheka ukuthi singenza kanjani ukuthi imizi ekakwe ububha ithole ukudla okunomsoco nokungambi eqolo. Sibheka amaqhinga okukhiqiza ukudla okucebile emsocweni kanye nokutshala izinhlobo zokudla nemfuyo ekwazi ukubekezelela isomiso. Inhloso yethu ukuqhamuka nohlelo olungukhukhulela ngoqo lokuqinisekisa

ukuthi sinokudla okwanele kokondla kuphinde kuguqule izimpilo zabantu abakhele uMkhandlu wase Alfred Duma kanye nesiFundazwe sonke.

Njengendlela yokuqalisa loluhlelo lapha eMkhandlwini wase-Alfred Duma, ngihambele amapulazi kanye nezinhlelo zezolimo ezimbalwa kule ndawo. Enye yazo yiHlubi Land Reform Project, ebilekelelwa ngumNyango kusukela ngonyaka ka 2012. Kulesi simo sokwesweleka kokudla, sizokwengeza usizo esilunika loluhlelo ngokuhlinzeka imali engu R1.2 million ukuze kuthengwe inkasa yokunisela. Lokhu kuzokwelekelela kakhulu emsebenzini wokukhiqiza ummbila, usoya beans kanye nemifino. Ngitsheliwe ukuthi uma inkasa seyifakiwe, uhlelo lwaseHlubi luzokwazi ukuqasha abantu abalinganiselwa kwabangu 20.

Ukuthuthukiswa kokufuywa kwemfuyo kuyingxenye enkulu yohlelo lwethu lokuqinisekisa ukuthi kunokudla okwanele. Lapha eMkhandlwini wase-Alfred Duma, umNyango usuke wahlela izinsuku zendali ezintathu lapho bekudayiswa khona imfuyo. Kulezi zindali kudayiswe imfuyo elethe imali engaphezu kuka R2,5 million kubafuyi bendawo yaphinda yadala amathuba emisebenzi kubantu abangu 10 abebesebenza ngesikhathi sendali. Isomiso siyishayile imfuyo yethu kanti umNyango ubona lesi simo esinzima wangenelela ngokuxhasa abafuyi abasafufusa ngemali yokuthenga ukudla kwemfuyo okudle imali elinganiselwa ku R2,5 million. Njengoba seziqalile ukuna izimvula, nginesiqinseko sokuthi nizoqhubeka nokubamba izindali njalo lapha njengengxenye yokuthuthukisa uhlelo lokufuya.

Ukuqinisekisa ukuthi isiFundazwe sinemfuyo engumqemane kungomunye umsebenzi esinikezwe wona ukuba siwenze njengomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya. UmNyango ususebenzise imali elinganiselwa ku R10 million njalo ngenyanga ekuthengeleni imifelandawonye emihlanu imithi yokunakekela imfuyo. Ngaphezu kwalokhu, umNyango uzosebenzisa imali engu R1,5 million ukwakhela uhlelo lwemfuyo lwakwaBesters amacrush pens, ukuvuselela amadiphu amabili kanye nokuhlinzeka ucingo lokubiya. Ngikhuluma nje sekuphothuliwe ukubhotshozwa kwepitsi elidle imali engu R 150 000 kuyo leya ndawo.

Bakwethu, niyazibonela nani ukuthi sizimisele kangakanani ukukwenza ezolimo zibe yisikompilo lethu lapha eMkhandlwini wase Alfred Duma. Ake nginazise ukuthi umuntu ozothokoza kakhulu ngakho konke lokhu nguye uqobo u-Alfred Duma. Phela uDuma ngeminyaka yango 1950, wayengomunye wezishosho ezalwisana kakhulu nohlelo lokususwa ngesankahlu kwabantu emihlabeni yabo.

Kwakungalesi sikhathi lapho abalimi bakithi ababelima kwaBesters baphoqwa ngumbuso wobandlululo ukuba bashiye phansi amapulazi abo bahambe bayohlala emalokishini lapho umhlabathi wawungavundile kanti nomhlaba wokulima wawungekho khona.

Kumele sibuyele emasisweni siphinde sisebenze umhlaba. Lungigqugquzelile uhambo lwami lwanamuhla ekuseni lapho ngihambele khona isivande somphakathi saseMthandi nesaseMgwaqaza. Amalunga alezi zivande ayisibonelo esihle ngokusikhombisa ukuthi yini engenziwa. UmNyango uzihlinzeke zombili lezi zivande ngezinjini zokufuqa amanzi nocingo lukubiya kanti besivele siqhubeka nokuzihlinzeka ngezimbewu. Kungimangazile ukubona izinhlobo ezahlukene zezitshalo abazitshalile. Zombili lezi zivande zaseMthandi naseMgwaqaza zitshale isipinashi, ikhabishi, izaqathi, ummbila, ubeetroot, utamatisi, ugreen beans, ugarlic kanye namazambane.

Uma lezi zivande zomphakathi ziqhubeka nokukhiqiza amazambane ngalolu hlobo zingagcina sezikwazile ukwehlisa inani lentengo yamazambane kule ndawo.

Bakwethu, njengokuzibophezela kwethu ekudlondlobaliseni ezolimo lapha eMkhandlwini wase-Alfrend Duma, ngibiza amalungu eMthandi neMagwaqaza ukuba ezokwemukela izimbewu. Uma siqeda lapho sizodlulisela isheke lemali elinganiselwa ku R1,2 million kwiHlubi Project ukuze kuthengwe inkasa yokunisela.

Sengiphetha ngithi singenza okuningi ukukwenza ezolimo zibe yisikompilo lethu.

Ngiyabonga



KZN MEC for Agriculture and Rural Development Mr Themba Mthembu together with Alfred Duma Local Municipality Mayor Clrr Vincent Madlala during their oversight visit to the Hlubi Project, Mr Hlubi is a farmer from the Mthandi Community



MEC Themba Mthembu visiting members of the Mthandi Co-Operative



MEC Themba Mthembu together with Alfred Duma Local Municipality Mayor Clrr Vincent Madlala visiting members of the Mthandi Co-Operative